- E)** wonke umuntu oyikhansela likaMasipala kumele akwemukele ukuthi umsebenzi omkhulu wohulumeni basekhaya ngukwenza lokho okuyizidingo zomphakathi zikhathi zonke, kumele azinikele ohlelweni lohulumeni basekhaya lokusebenza ngokuzimisela nangentando yeningi, agqugquzele isithunzi nokufaneleka emisebenzini eyenziwa ngohulumeni basekhaya futhi agcine ukuziphatha okwakhayo, okukhuthela nokubonakalayo kohulumeni basekhaya aphinde agxile ekuzibophezeleni ukusiza umphakathi njengomuntu okhethiwe, kumele azinikele ngokusezingeni elicokeme ngokuba yisibonelo sokuhlonipheka nokwethembeka kukho konke ukuxhumana nomphakathi noma nomuntu ngamunye ukuze umphakathi, izikhulu zikaMasipala nabasebenzi

behlomule enhloniphweni nasekuzethembeni kwalabo abakhethiwe, kumele abeke aphinde afezekise izinjongo zomphakathi futhi agcine iMithetho kaMasipala, kumele akugweme ukugxambukela ezindabeni zokuphathwa kukaMasipala nakho konke ukubamba iqhaza ezintweni ezithintana nepolitiki okuyinto engakhinyabeza ukusebenza njengomuntu okhethiwe, kumele akwenze kube ngumsebenzi wakhe ukuqhubeka nokuthuthuka emisebenzini ayenzayo nokukhulisa ulwazi oludingekayo lokwenza imisebenzi yakhe njengomuntu okhethiwe, kumele agcine umphakathi wazi ngokusuka nokuhlala kwezindaba ezenzeka kuMasipala, kumele agqugquzele ukuxhumana nobungani nokusiza umphakathi ngesizotha futhi azame ukukhulisa izinga nesithombe samakhansela kaMasipala, kumele abhekane nenselelo ngayinye njengoba injalo ngaphandle kokucwasa alandele imigomo yobulungiswa nokusebenza ngeqiniso, angabheki ukubhekelelwa futhi azi ukuthi ukuzihlomulisa noma ukuzenzela inzuzo okwenziwa ngumuntu osesikhundleni sekhansela kungukungathembeki, kumele abambelele eMthethweni wokuziPhatha kwama-Khansela, ahambisane neMithetho nokujutshwa kanye neMithetho yoMkhandlu kaMasipala futhi ngaso sonke isikhathi ahloniphe ukusebenza koMthetho.

UHLA LOKUQUKETHWE

ISAHLUKO 1: IZINCAZELO

IKHASI

- | | |
|---------------|---|
| 1. Izincazelo | 7 |
|---------------|---|

ISAHLUKO 2: UKUSEBENZA KANYE NOKUHUNYUSHA KWEMITHETHO

- | | |
|--|----|
| 2. Ukusebenza kwale Mithetho neMibandela | 9 |
| 3. Ukuhunyushwa kwale Mithetho neMibandela | 10 |

ISAHLUKO 3: IZIKHAWU, UKWEMUKELEKA KOMPHAKATHI KANYE NEZAZISO ZEMIHLANGANO

- | | |
|---|----|
| 4. Imihlangano yoMkhandlu | 10 |
| 5. Ukwamukelwa komphakathi | 11 |
| 6. Isaziso sokuya emhlanganweni ojwayelekile woMkhandlu | 12 |
| 7. Imihlangano ekhethekile | 12 |
| 8. Ukukhishwa kwezaziso nohlelo lomhlangano | 13 |
| 9. Ukungasitholi kwesaziso | 14 |

ISAHLUKO 4: ISIBALO ESILINGENE NESIGUNYAZA UMHLANGANO

- | | |
|---|----|
| 10. Isibalo esilingene noma esigunyaza ukuba khona komhlangano | 14 |
| 11. Ukumiswa nokuhlehliswa ngoba singahlangani isibalo esifanele. | 14 |

ISAHLUKO 5: UKUHANJELWA KOMHLANGANO

- | | |
|-----------------------------|----|
| 12. Ukuhanjelwa komhlangano | 15 |
| 13. Imvume yokuphutha | 16 |
| 14. Abaphuthile | 17 |

ISAHLUKO 6: UKUHLEHLISWA KOMHLANGANO

- | | |
|------------------------------|----|
| 15. Ukuhlehliswa komhlangano | 18 |
|------------------------------|----|

16. Ukuqhubeka komhlangano	18
----------------------------	----

ISAPHLUKO 7: INQUBO YOMHLANGANO

17. USomlomo nozihlalo bemihlangano	18
18. Amaminithi	19
19. Uhlelo lomhlangano	19
20. Ukwemukelwa kwamaminithi omhlangano owedlule	20
21. Amanxusa/ izithunywa	20
22. Imibiko	20
23. Okudingidwayo/ Izicelo	21
24. Imibuzo	21
25. Ukunikezelwa kolwazi kumakhansela	22
26. Izindaba ezejwayelekile mayelana nokuphuthumayo	22
27. Ukutolikwa	22
28. Ikomidi langaphakathi	22

ISAPHLUKO 8: UKUVOTA

29. Izinqumo ngokuvota	23
30. Indlela yokuvota	23
31. Amavoti aphikisayo	23

ISAPHLUKO 9: UKUCHITHWA KWEZINQUMO ZOMKHANDLU KANYE NEZEKOMIDI

32. Ukuchithwa kwezinqumo zoMkhandlu	24
33. Ukuchithwa kwezinqumo zekomidi	24

ISAPHLUKO 10: INKULUMO MPIKISWANO

34. Ithuba lokukhuluma	24
35. Ukuhambisana	24
36. Ubude bezinkulumo	24
37. Amakhansela akhulume kanye kuphela	25

- | | |
|---|----|
| 38. Ukulawula/ Ubukhona bukaSomlomo noma uSihlalo | 25 |
| 39. Ukubuyiselwa emgqeni kokhulumayo | 25 |
| 40. Incazelo | 25 |

ISAPHLUKO 11: UKUZIPHATHA

- | | |
|---------------------------------|----|
| 41. Ukuziphatha okwejwayelekile | 25 |
| 42. Ukungaziphathi kahle | 26 |

ISAPHLUKO 12: AMAKOMIDI

- | | |
|-----------------------------|----|
| 43. Ikomidi leMithetho | 26 |
| 44. IMithetho yekomide qobo | 26 |
| 45. USihlalo | 27 |

ISAPHLUKO 13: OKUTHINTA IZIMALI

- | | |
|---------------------------------|----|
| 46. Ukuvezwa kokuthinta izimali | 27 |
|---------------------------------|----|

ISAPHLUKO 14: UKWEPHULA UMTHETHO KANYE NEZIGWEBO ZAKHONA

- | | |
|------------------------|----|
| 47. Ukwephula uMthetho | 28 |
| 48. Isigwebo | 28 |

ISAPHLUKO 15: IZINHLINZEKO EZEJWAYELEKILE

- | | |
|--|----|
| 49. Ukumiswa koMthetho wokubuyiselwa emgqeni | 28 |
| 50. Ukwamukela kweMithetho | 28 |
| 51. Ukuchithwa kweMithetho ekhona | 28 |
| 52. Isihloko esifishane nokuqalisa kokusebenza | 29 |

ISAHLUKO 1 IZINCAZELO

IZINCAZELO

1. Kule Mithetho noma yiliphi igama noma ukuphawula kumele kube nencazelo efanayo naleyo esemthethweni okhona, ngaphandle uma ingqikithi isho okunye -

"iMithetho kaMasipala" kusho iMithetho egunyazwe nguMkhandlu kaMasipala;

"uSihlalo" kusho ikhansela elikhethiwe ngokugcwele noma elisabambe okwesikhashana ukuze liqondise noma lisingathe noma yimuphi umhlangano woMkhandlu;

"uMkhandlu" kusho isigungu sikaMasipala waseMandeni;

"indlela yokuziphatha" kusho iNdllela yokuziPhatha yamaKhansela equkethwe uLuhlu 1 loMthetho weziNhlelo;

"imininingwane yokuxhumana" kusho ikheli lendawo yokuhlala, ikheli leposi, imeyili, inombolo yocingo, inombolo yesikhahlamezi noma inombolo kamakhalekhukhwini;

"usuku lwekhalenda" kusho usuku olungamahora angamashumi amabili nane njengoba kutshengisiwe nasekhalendeni;

"ikhansela" kusho ilungu lesigungu sikaMasipala;

"usuku" kusho usuku olufanayo nezinye ngaphandle koMgqibelo, kweSonto neholidi;

"inxusa" kusho umuntu noma iqembu labantu abafisa ukuzivelela ngokwabo phambi koMkhandlu noma ekomidini loMkhandlu ukuze bathule okuthile emkhandlwini noma ekomidini loMkhandlu;

"ikomiti eliphethe" kusho ikomidi eliphethe loMkhandlu elisungulwe ngokwesiGaba 43 soMthetho weziNhlaka;

"incazelo" kulapho kucaciswa khona ezinye izinto eziphathekayo enkulumweni yekhansela okungenzeka ukuthi aziqondakalanga;

“ikomidi langaphakathi” kusho noma yimuphi umhlangano woMkhandlu noma ikomidi lapho umphakathi kanye noma izikhulu zishiywa ngaphandle;

“uhlelo lwentuthuko oludidiyele” kusho usomqulo *wohlelo olulodwa noma oludidiyele lwentuthuko lukaMasipala olusetshenziswayo ngokweSahluko 5 soMthetho weziNhlelo*;

“usodolobha” kusho ikhansela eliqokwe njengosodolobha kaMasipala ngokwesigaba 48 soMthetho weziNhlaka;

“umhlangano” kusho umhlangano woMkhandlu noma wanoma yiliphi elinye lamakomidi awo;

“impahla kaMasipala” kusho noma yiyiphi impahla egudluzekayo, engagudluzeki, ebonakalayo, engabonakali ephathekayo engaphatheki uMasipala angumnini wayo;

“iMenenja kaMasipala” kusho umuntu oqokwe njengeMenenja kaMasipala ngokwesigaba 82 soMthetho weziNhlaka futhi kuhlangukisa noma yimuphi umuntu obambe lesi sikhundla;

“isaziso sesinyathelo” kusho indlela amakhansela angabeka ngayo izihloko ohlelweni lomhlangano woMkhandlu ngokoMthetho 23;

“oqaphe ukuthula” kusho noma yimuphi umuntu ohlonzwe njengomuntu oqaphe ukuthula ngokoMthetho woHlelo lobuGebengu, 1977 (uMthetho No. 51 ka 1977);

“ukubuyisela endleleni” kusho ukuphawula kunoma yisiphi isiphazamiso nanoma yikuphi ukwahluka, ekuziphatheni kanye nanoma yikuphi ukungahambisani nokuqhubeka komhlangano;

“isithangami” kusho indawo yokuhlanganyela yoMkhandlu nazo zonke ezinye izindawo zomhlangano, izindawo lapho umphakathi wamukelekile ukungena kanye nazo zonke ezinye izindawo lapho imihlangano yoMkhandlu noma yekomidi loMkhandlu ibanjelwa khona;

“umphakathi” kubandakanya nabezindaba futhi kuchaza noma yimuphi umuntu ohlala kwiRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika.

“isivumelwano sokulethwa kwezidingo” kusho isivumelwano phakathi kukaMasipala nesikhungo noma umuntu obalulwe kwisigaba 76(b) soMthetho weziNhlelo lapho uMasipala ehlinzekwa khona yileso sikhungo noma yilowo muntu, kungaba ukuhlinzekwa kwakhe qobo noma esikhundleni sikaMasipala;

“uSomlomo” kusho uSihlalo woMkhandlu okhethwe ngokwesigaba 36 soMthetho weziNhlaka futhi kubandakanya nanoma yimuphi omunye uSomlomo obambile uma ekhethelwe ukwenza imisebenzi kaSomlomo.

“uMthetho weziNhlaka” kusho uMthetho weziNhlaka zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998);

“uMthetho weziNhlelo” kusho uMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000);

“ukubeka etafuleni” kusho ukuthumela noma yimuphi umbiko noma incwadi esemthethweni emkhandlwini noma ekomidini loMkhandlu ukuze ucutshungulwe emhlanganweni woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu elinikezwe isaziso ngokweMibandela yale Mithetho ngemigomo;

Ubulili nesibalo – Kunoma yimuphi uMthetho, ngaphandle uma kuba nezinhloso zokuphikisana, amagama afaka ubulili besilisa ahlanganisa nobulili besifazane futhi amagama asho isibalo esisodwa ahlanganisa izibalo esiningi, futhi amagama asho izibalo esiningi ahlanganisa nesibalo esisodwa.

ISAHLUKO 2

UKUSEBENZA NOKUHUNYUSHA KWEMITHETHO NEMIGOMO

2. Ukusetshenziswa kwale Mithetho nemigomo

- (1) Le Mithetho nemigomo ibusa ukusebenza koMkhandlu namakomidi oMkhandlu ibophezela futhi iphoqa ukuba isetshenziswe -
- (a) yiwo wonke amakhansela;
 - (b) yinoma yiliphi ilungu lomphakathi elikhona esithangamini;
 - (c) yinoma yiliphi inxusa elizokhuluma noMkhandlu noma nekomidi loMkhandlu; kanye

(d) nanoma yisiphi isikhulu sikaMasipala.

3. Ukuhunyushwa kwale Mithetho nemigomo

- (1) Noma yikuphi ukuhunyushwa kwale Mithetho nemigomo kumele kwenziwe ngokuhambisana nokulawula koMthethosisekelo, koMthetho kazwelonke, wesifundazwe kanye nokaMasipala, nokubusa koMthetho kanye nobulungiswa.
- (2) Isinqumo sikaSomlomo noma uSihlalo mayelana nokuhunyushwa kwale Mithetho nemigomo emhlanganweni woMkhandlu noma wekomiti loMkhandlu, ngokususela emithethweni 3(5) no 3(6), kuyokuba yisinqumo esingujuqu.
- (3) Ukuhunyushwa nokunquma kukaSomlomo noma uSihlalo kunoma yimuphi wale Mithetho nemigomo kumele kuqoshwe emaminithini omhlangano woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu.
- (4) IMenenja kaMasipala kumele igcine irejista yezinqumo kanye nemibono yoMthetho.
- (5) Noma yiliphi ikhansela lingacela iMenenja kaMasipala, ngokubhalwe phansi ezinsukwini eziyisihlanu kuthathwe isinqumo esithathwe ngokoMthetho 3(2), ukuthi lithole incazelo ngokuhunyushwa nangesinqumo nangombiko woMkhandlu noma wekomiti loMkhandlu.
- (6) UMkhandlu noma ikomiti loMkhandlu ngemuva kokubheka umbiko ngokoMthetho 3(5) kumele uqinisekise, uchibiyele noma ushintshe isinqumo sikaSomlomo noma uSihlalo, mayelana nanoma yimaphi amalungelo angathinta noma yimuphi umuntu wesithathu ngenxa yokunquma kanye nazo zonke izinqumo ezithinta amalungelo abanye kumele kubhalwe phansi futhi izizathu zalezo zinqumo kumele ziqoshwe.

ISAPHLUKO 3

IZIKHAWU, UKWEMUKELEKA KOMPHEKATHI NEZAZISO ZEMIHLANGANO

4. Imihlangano yoMkhandlu

- (1) UMkhandlu kumele ubambe imihlangano ejwayelekile yoMkhandlu okungenani kanye ezinyangeni ezintathu.
- (2) USomlomo kumele asingathe yonke imihlangano yesigungu ngokoMthetho 4

(1) no 6.

5. Ukwamukeleka komphakathi

- (1) Yonke imihlangano yoMkhandlu naleyo yamakomidi kumele ivuleleke emphakathini, futhi uMkhandlu noma ikomidi loMkhandlu lingeshiye ngaphandle umphakathi emhlanganweni, ngaphandle uma uMkhandlu noma ikomidi, ngenxa yohlobo lodaba oludingidwayo noma uma ukuvela kwanoma yiluphi udaba kungaba nokukhinyabeza izinhloso zikaMasipala, ubona kunesizathu esizwakalayo sokwenzenjalo ngokuhambisana nemigomo yomphakathi ovulelekile futhi wentando yeningi.
- (2) UMkhandlu noma ikomidi loMkhandlu, nganoma yisiphi isizathu, angeke lishiye ngaphandle umphakathi lapho libheka, livota noma liphakamisa noma yiluphi udaba kulezi ezilandelayo:
- (a) ukuklanywa kweMithetho kaMasipala emkhandlwini;
 - (b) ukwethulwa kwesabelomali emkhandlwini;
 - (c) uhlelo oludidiyele lwentuthuko lukaMasipala, noma yisiphi isichibiyelo sohlelo, nanoma yisiphi isichibiyelo esibekwe phambi koMkhandlu;
 - (d) uhlelo lokuphathwa kokusebenza lukaMasipala, noma yisiphi isichibiyelo sohlelo, esibekwe phambi koMkhandlu;
 - (e) isinqumo sokungena esivumelwaneni sokuletha izidingo kubantu.
 - (f) noma yimiphi imibiko emayelana neMithetho yokunikezwa kwezinkampani umsebenzi ngaphansi kweNqubomgomo yokuPhathwa kokuHlinzekwa kwemiSebenzi (Supply Chain Management Policy);
 - (g) ukuhlelwa noma ukutholakala kwempahla kaMasipala;
 - (h) noma yiluphi olunye udaba olubekwe uMthetho.
- (3) IMenja kaMasipala kumele inikeze isaziso emphakathini, ngendlela eqagulwe yisigungu, esisho isikhathi, usuku, nendawo yanoma yimuphi umhlangano ojwayelekile woMkhandlu noma wekomiti loMkhandlu kanye nanoma yimuphi umhlangano okhethekile noma ophuthumayo woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu, ngaphandle uma isikhathi singavumi ukuthi kwenzeke njalo.

6. Isaziso sokwethamela umhlangano ojwayelekile woMkhandlu

- (1) USomlomo kumele abize imihlangano yoMkhandlu, okungenani kane ngonyaka, "ngeSaziso soMhlangano woMkhandlu" esisayindiwe, esisho usuku, indawo nesikhathi somhlangano esihambisana noma esiqukethe uhlelo lwalowo mhlangano ohlongozwayo.
- (2) Isaziso sokuhambela umhlangano ngokoMthetho 6 (1) kumele sinikezwe okungenani-
 - (a) ezinsukwini eziyisihlanu zekhalenda ngaphambi kosuku lomhlangano; futhi
 - (b) ezinsukwini ezimbili zekhalenda ngaphambi kosuku lomhlangano ophuthumayo.

7. Umhlangano ophuthumayo

- (1) USomlomo
 - (i) ngenhloso yodaba loMkhandlu oluphuthumayo noma olubalulekile;
 - (ii) noma ngokucela kweningi lamakhansela kaMasipala; kumele abize umhlangano ophuthumayo woMkhandlu.
- (2) Umhlangano ophuthumayo kumele ubanjwe ngokuhambisana noMthetho 6(2)(b) kanye noMthetho 7(1)(ii) esikhathini esingekho ngaphansi kwezinsuku ezine kusukela osukwini okwamukelwe ngalo isicelo.
- (3) Isicelo sokubiza umhlangano ophuthumayo njengoba kuhlangezwe emthethweni 7 (1)(ii), –
 - (a) siyosayinwa ngamakhansela oMkhandlu angekho ngaphansi kwama-50% (*fifty per centum*) noyedwa ngaphezulu;
 - (b) sihambisane –
 - (i) nesaziso sesinyathelo esisayindiwe; futhi
 - (ii) isitatimende esibhalwe yikhansela elisayinde isaziso sesinyathelo esinikeza izizathu zokuthi kungani udaba oluhloswe ukudingidwa kulowo mhlangano ophuthumayo lubalulekile futhi lungeke lusalinda umhlangano ojwayelekile woMkhandlu.
 - (c) Ukuhambisana okuphelele noMthetho 7(3)(a) no 7(3)(b) kuchaza ukuthi

uSomlomo angeke asebenzise ukulawula kwakhe kodwa kumele abize umhlangano.

- (4) Uma kwenzeka ukuthi uMthetho 7(1)(ii) ngazizathu zithize ungenzeki, leloningi lamakhansela elinganxusa umhlangano lingacela uMenenja kaMasipala ukuba abize lowomhlangano inqobo nje uma kunobufakazi bokuthi lesosicelo besifakiwe kuSomlomo kodwa sanganakwa.

8. Ukukhishwa kwezaziso nohlelo lomhlangano (agenda)

- (1) Isaziso sokuhambela umhlangano noma okunye ukuhlangana okusemthethweni koMkhandlu, kumele sithunyelwe –
- (a) ekhelini lendawo yokuhlala elisendaweni elawulwa nguMasipala; noma
 - (b) nge-imeyili;
 - (c) noma ngomqhafazo (SMS);
- kuncika ekutheni leyo mininingwane yokuxhumana kumele ithunyelwe yikhansela ngalinye kwiMenenja kaMasipala ezinsukwini ezimbili emva kokukhethwa kwamakhansela futhi, ngemuva kwalokho, noma nini lapho ikhansela linesifiso sokushintsha noma yiliphi ikheli futhi lelo kheli ikhansela kumele lithole kulo imiyalezo futhi noma lamukele noma yimuphi umyalezo wokuhambela umhlangano kanye nanoma yikuphi ukuhlangana okusemthethweni koMkhandlu.
- (2) Onke amaphepha ahambisana nanoma yimuphi umhlangano woMkhandlu noma ikomidi kumele anikezelwe kuwo wonke amakhansela okungenani kusasele izinsuku ezinhlanu zekhalenda ngaphambi komhlangano woMkhandlu noma ikomidi ojwayelekile nezinsuku ezimbili zekhalenda emhlanganweni ophuthumayo woMkhandlu noma emhlanganweni ophuthumayo wekomidi.
- (3) Wonke amakhansela kumele azise uSomlomo nganoma yiluphi uguquko emakhelini awo zingakapheli izinsuku ezintathu lwenzekile.
- (4) NgokoMthetho 5(3), isaziso sokuhambela umhlangano kumele sihlonywe ebhodini eligcina izaziso zomphakathi likaMasipala.

9. Ukungasitholi isaziso

- (1) Ikhansela lingacela uphenyo mayelana nokungasitholi isaziso sokuhambela umhlangano.
- (2) Ukungasitholi isaziso sokuhambela umhlangano ngeke nakancane kuphazamise ukubaluleka kwanoma yimuphi umhlangano noma ukuqhubeka koMkhandlu noma elinye lamakomidi awo.

**ISIAHLUKO 4
ISIBALO ESILINGENE****10. ISIBALO ESILINGENE**

(1) Iningi lamakhansela achazwe ngokuhambisana nesaziso sokusungulwa kukaMasipala kumele abe khona emhlanganweni woMkhandlu ngaphambi kokuba kube nokhetho kunoma yiluphi udaba kuncika ekutheni:

- (a) Izikhala zomsebenzi emahhovisi amakhansela akumele kube yizo ezivimbela ukuqhutshwa komhlangano woMkhandlu;
- b) Ngokwesibalo esilingene sokubamba umhlangano, ukwehluleka kwanoma yiliphi ikhansela ukuvota akumele kumise ukuqhubeka komhlangano woMkhandlu.

(2) Isibalo esilingene samakhansela aqokelwe ekomidini loMkhandlu kumele sibe khona emhlanganweni wekomidi ngaphambi kokuthi kuvotwe kunoma yiluphi udaba kuncika ekutheni:

- (a) Izikhala ehhovisi lekansela angeke zimise ukuqhubeka komhlangano wekomidi;
- b) Ngokwesibalo esilingene, ukwehluleka kwanoma yiliphi ikhansela ukuvota akumele kumise ukuqhubeka komhlangano wekomidi.

11. UKUMISWA NOKUHLEHLISWA UMA SINGEKHO ISIBALO ESILINGENE

- (1) Angeke ube khona umhlangano, uma singekho isibalo esilingene sekwedlule imizuzu eyishumi nanhlanu esikhathini ebesibekelwe ukuqala komhlangano, ngaphandle uma amakhansela akhona evumelana ngazwi linye ekutheni

- kwengezwe isikhathi kodwa esingeqi emizuzwini eyishumi nanhlanu, uma isibalo esilingene singahlangani, umhlangano kumele umiswe.
- (2) Uma ngesikhathi sokudingidwa kodaba oluthile kunoma yimuphi umhlangano woMkhandlu noma wekomiti kumele kuqinisekiswa isibala nguSomlomo noma nguSihlalo kulawo makhansela akhona -
- (a) uyobala amakhansela akhona;
- (b) uma kutholakala ukuthi aseneli isibalo esifanele, uSomlomo noma uSihlalo kumele awuhlelise umhlangano abanikeze imizuzu eyishumi nanhlanu ukuze kube khona isibalo esifanele;
- (c) Uma sesihlangana isibalo ngemuva kokuhleliswa umhlangano kumele uqhubeke;
- (d) Uma isibalo esifanele singahlangani ngemuva kokuhleliswa uSomlomo noma uSihlalo kumele ngalokho bawuhlelise umhlangano.
- (3) Uma umhlangano uhleliswa ngenxa yokuthi asihlangani isibalo esifanele, umhlangano kumele uphinde ubanjwe zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa.

ISAHLUKO 5 UKUHANJELWA

12. UKUHANJELWA

- (1) Wonke amakhansela kumele agcine isikhathi bahlale bekhona njalo emihlanganweni ngamunye woMkhandlu nowekomidi lelo khansela eliyilungu lalo ngaphandle uma:
- a) ligunyaziwe ukuba liphuthe ngokoMthetho 13; noma
- b) lelo khansela licelwa ukuba lihoxe ngokoMthetho 46(2); noma
- c) ngemvume kuSomlomo noma kuSihlalo.
- (2) Ikhansela ngalinye elihambele noma yimuphi umhlangano woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu kumele lisayine kwirejista yokubhalisa abakhona ehlinzekelwe lokho.
- (3) Irejista yabakhona kumele ihlale ehhovisi leMenenja kaMasipala.
- (4) Noma yiliphi ikhansela elivumeleke ukuba liphuthe ngokoMthetho 13 kodwa elingasadingi lokho kwephula lingawuhambela umhlangano ebelinikezwe

ukuba liphuthe kuwo futhi lisayinde kwirejista yokubhalisa abakhona.

13. IMVUME YOKUPHUTHA

- (1) Imvume yokuphutha ngeke inikezwe ngendlela yokuthi kugcine kungaseneli isibalo esanele sabantu okumele babe khona.
- (2) Uma ikhansela –
 - (a) lingakwazi ukuhambela umhlangano yize noma lanikwa isaziso; noma
 - (b) lingakwazi ukuqhubeka nokuhlala emhlanganweni; noma
 - (c) lifika sekwedlule isikhathi ebesinqunyiwe somhlangano, ngokushesha nangemuva kwalowo mhlangano, liyofaka isicelo esibhaliwe kwimeneja kaMasipala sokuphutha kuwo wonke umhlangano noma engxenyeni ethile yomhlangano ethintekayo, leso sicelo kumele sihlinzeke izizathu ezizwakalayo neziqondakalayo zesicelo futhi lisho imbangela ezwakalayo yaleso sicelo.
- (3) IMenenja kaMasipala kumele yazise uSomlomo noma uSihlalo othintekayo womhlangano ngokushesha mayelana nomhlangano nangesicelo sokuphutha asitholile.
- (4) USomlomo noma uSihlalo womhlangano kufanele ngokushesha asibheke isicelo sokungaphumeleli ebese enikeza noma enqabele isicelo ngezizathu futhi azise iMenenja kaMasipala ngesinqumo sakhe.
- (5) IMenenja kaMasipala kufanele ngokushesha yazise ikhansela elifake isicelo sokuphutha kuSomlomo noma kuSihlalo ngokushesha ngesinqumo esithathiwe
- (6) Ikhansela kufanele lithathwe njengophuthile ngokungeMthetho emhlanganweni uma isicelo salo sokungezi emhlanganweni singemukelwanga futhi:
 - (a) lehlulekile ukuhambela umhlangano; noma
 - (b) lehlulekile ukuhlala emhlanganweni.
- (7) Uma ikhansela lehluleka ukuhlala emhlanganweni uze uphele:
 - (a) ngaphandle ngokunikezwa imvume yokwenze njalo; noma
 - (b) lihambe ngaphandle kokuthola imvume yokuphutha kuSomlomo noma uSihlalo ungakapheli umhlangano,

isikhathi elihambe ngaso kufanele siqoshwe emaminithini futhi kufanele lelo khansela lithathwe njengomuntu ophuthe ngaphandle kwemvume emhlanganweni.

(8) Lapho ikhansela lifika sekudlule isikhathi emhlanganweni, ngaphandle kokuthola imvume, isikhathi sokufika nezizathu zokungasigcini isikhathi kufanele ziqoshwe emaminithini omhlangano bese ikhansela liqhubeka nokuba semhlanganweni futhi lisayine irejista yokuba semhlanganweni ngokoMthetho 12(2).

(9) Ukungezi kabili noma ngaphezulu emihlanganweni elandelanayo yoMkhandlu noma yekomidi kumele kuthathelwe izinyathelo nguMkhandlu noma ikomidi eliphathelene elifanele.

14. Ukungafiki/ ukuphutha

(1) Ngokulandelwa kohlelo olubekwe kuMthetho 13, ikhansela elingekho ngaphandle kwesizathu esibonakalayo emhlanganweni, ebelinikeziwe isaziso sawo, kufanele likhokhe inhlawulo elingana nomholo wesonto elilodwa, kufanele lenhlawulo iphume eholweni lalelo khansela elithintekayo.

(2) Lapho ikhansela liphuthe ngaphandle kokuthola imvume yokuphutha emhlanganweni:

(a) iKomidi loMthetho njengoba kuhlangozwe emthethweni 43 noma uSomlomo okanye uSihlalo uma kungenzeka kufanele acele ikhansela ukuthi lisho ngokusemthethweni izizathu ezenze ukuthi ikhansela liphuthe emhlanganweni;

(b) uSomlomo noma iSihlalo kufanele abheke incazelo bese enquma ukuthi ikhansela liphuthe ngezizathu ezizwakalayo yini, ahlinzeke ngezizathu ezizwakalayo zesinqumo;

(c) ikhansela lingafaka isikhalo esibhaliwe ngesinqumo sikaSomlomo noma sikaSihlalo zingakapheli izinsuku eziyi- 7 lithole leso sinqumo;

(d) uMkhandlu noma ikomidi kuya ngesimo kufanele:

(i) banike ikhansela ithuba lokuziphendulela, ngencwadi noma ngomlomo; futhi

(ii) balalele isikhalo sekhansela, kanye nanoma ngabe ikuphi ukuphawula

okwenziwe uSomlomo noma uSihlalo womhlangano othintekayo;
 (iii) bathole ukuthi ikhansela belingekho ngesizathu esibalulekile yini
 noma cha.

- (3) IMenja kaMasipala kufanele igcine amarekhodi azo zonke izigameko lapho amakhansela abetholwe ephuthile noma athathwa njengaphuthile ngaphandle kwemvume futhi ngaphandle kwesizathu esizwakalayo futhi ithumele umbiko obhaliwe kuSomlomo noma yinini lapho ikhansela litholakala liphuthile emhlanganweni emithathu noma ngaphezulu elandelayo ebekufanele liyihambele.
- (4) Lapho uSomlomo ethola umbiko ngokoMthetho 14(3), uSomlomo kufanele alethe lo`mbiko emkhandlwini futhi agunyaze uphenyo ngokoMthetho 14-weNdlela yokuziPhatha.

ISAHLUKO 6 UKUHLEHLISWA

15. Imihlangano ehlehile

NgokoMthetho 11(3), umhlangano woMkhandlu noma wekomiti. ngevoti leningi ungahlehlela olunye usuku noma ihora kodwa kungeqi ezinsukwini eziyi-14 kusuka kulowo mhlangano.

16. Ukuqhubeka nomhlangano

- (1) Uma umhlangano uhlehlisiwe isaziso sokuqhubeka komhlangano kumele Sikhishwe ngokoMthetho 8.
- (2) Alukho udaba okumele ludluliselwe ukuqhutshwa emhlanganweni oqhutshwayo ngaphandle uma kucacisiwe esazisweni somhlangano, ohlehlisiwe.

ISAHLUKO 7 UKUQHUTSHWA

17. USomlomo noSihlalo bemihlangano

- (1) Kuyo yonke imihlangano yoMkhandlu, uSomlomo, noma uma ephuthile, obambe njengoSomlomo, uyoba nguSihlalo oyokwenza imisebenzi ebekwe ngokwesigaba 37 soMthetho weziNhlaka futhi kumele aqinisekise ukuthi ikhansela ngalinye uma lithatha isikhundla linikezwa ikhophi yale Mithetho nemigomo yeNdlela yokuziPhatha.
- (2) USomlomo noSihlalo wemihlangano yoMkhandlu kanye neyekomidi:
 - (a) kufanele agcine umhlangano uhamba ngendlela;
 - (b) baqinisekise ukuhambisana koMkhandlu neNdlela yokuziphatha yamaKhansela;
 - (c) kufanele baqinisekise ukuthi imihlangano ihamba ngeMithetho

nangokwemigomo ebekiwe

- (3) Uma uSomlomo noma uSihlalo woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu bephuthile noma bengekho ukuzokwenza imisebenzi kaSomlomo noma uSihlalo, noma kunesikhala somsebenzi uMkhandlu noma ikomidi ngokuholwa yiMenenja kaMasipala noma okhethwe yiyo kufanele likhethe elinye ikhansela ukumela uSomlomo noma uSihlalo.
- (4) Awukho umhlangano woMkhandlu noma ikomidi loMkhandlu ongaqala noma ongaqhubeka ngaphandle uma ulawulwa nguSomlomo noma nguSihlalo.

18. Amaminithi

- (1) Ukuqhutshwa kwayo yonke imihlangano yemikhandlu kufanele iqoshwe ngomshini futhi kugcinwe ngokuhambisana ne-Archives and Record Service of South Africa Act, 43 ka 1996.
- (2) Amaminithi abhaliwe okwenzekayo emihlanganweni yoMkhandlu neyekomiti kufanele aqoshwe ngokucophelela futhi agcinwe ngokuhambisana ne-Archives and Record Service of South Africa Act 43 ka 1996.
- (3) Amaminithi avunyiwe ayo yonke imihlangano yoMkhandlu noma yekomidi ngaphandle kweyangaphakathi kufanele atholakale emphakathini.
- (4) Lapho iMenenja kaMasipala ibona ukuthi isinqumo noma ukuqhubeka komhlangano woMkhandlu noma wekomidi kungenzeka ukuthi kuphula noma yimuphi uMthetho noma uMthetho kaMasipala, kufanele azise uMkhandlu noma ikomidi ngendlela efanele futhi imininingwane ephelile yalowo mbono iqoshwe kumaminithi.

19. Uhlelo lomhlangano

- (1) Uhlelo lomhlangano kuyo yonke imihlangano yoMkhandlu noma yekomiti loMkhandlu eliphethe noma yekomidi imi kanje:
 - (a) isaziso somhlangano;
 - (b) Ukuvula nokwamukela
 - (c) abaxolisile;
 - (d) izimemezelo zikaSihlalo;
 - (e) abathunyiwe noma abamele abanye;
 - (f) kukhonjiswa ngesimo sezimali noma okunokuthintanisana nengxoxo;
 - (g) ukuvunywa kwamaminithi omhlangano odlule
 - (h) Imibiko yozihlalo.
 - (i) izaziso nemibiko ngokwenzakalayo;
 - (j) izaziso nemibiko ephuthumayo ngokwenzakalayo
 - (k) Izicelo
 - (l) Izaziso nemibiko eyisifuba sekomiti
 - (m) Ukuvala

- (2) USomlomo noma uSihlalo ngokucabanga kwakhe nganoma yisiphi isikhathi angaletha noma iluphi udaba olusohlelweni lomhlangano.

20. Ukuvunywa kwamaminithi omhlangano odlule

- (1) Amaminithi ayo yonke imihlangano kufanele avunywe emhlanganweni ojwayelekile olandelayo woMkhandlu noma wekomiti futhi kufanele uSomlomo noma uSihlalo awasayine.
- (2) Akukho okwenziwayo noma okuxoxwayo ngamamithi adlule ngaphandle kokuhambisana nobuqiniso bawo.

21. Izithunywa

- (1) Isithunywa esifisa ukukhuluma nekomiti noma uMkhandlu kufanele silethe incwadi kwiMenenja kaMasipala echazayo ukuthi sifisa ukuthini.
- (2) Lesosicelo sokukhuluma noMkhandlu noma ikomidi loMkhandlu kufanele sivunyelwe wuSomlomo noma wuSihlalo othintekayo.
- (3) IMenenja kaMasipala kufanele ilethe isicelo emkhandlwini noma ekomidini loMkhandlu elizokwamukela isithunywa.
- (4) Noma yini edinga ukubhekwa esicelweni sesithunywa akufanele iqhubeke nokubhekwa nguMkhandlu noma yikomidi kuze kube isithunywa siyahoxa kuncika ekutheni ukucela ukucaciselwa kungavumeleka.
- (5) Ilungu lomphakathi ngaphandle kwesithunywa, elifisa ukukhuluma emhlanganweni woMkhandlu noma wekomidi, kufanele lithole imvume yokwenze njalo kuSomlomo noma uSihlalo ngaphambi kokuthi umhlangano uqale.
- (6) Uma ilungu lomphakathi noma isithunywa sikhuluma emhlanganweni, kufanele silandele noma iyiphi imigomo noma iMithetho noma iziqondiso okuzoshiwo uSomlomo noma uSihlalo.
- (7) Uma ilungu lomphakathi noma isithunywa siziphatha ngendlela engafanele, uSomlomo noma uSihlalo angakhipha isinqumo sokuthi lelo lungu liphume noma likhishwe yiPhoyisa loMthetho emhlanganweni.
- (8) Noma iliphi ilungu lomphakathi noma isithunywa esinqabayo noma esihlulekayo ukulandela isinqumo sikaSomlomo noma uSihlalo ngokoMthetho 21(6) no 21(7) bangathweswa icala bahlawuliswe noma bagwethshwe isikhathi esingeqile enyangezi eyodwa noma kokubili.

22. Imibiko

- (1) Noma imuphi umbiko o lethwe emkhandlwini noma ekomidini loMkhandlu ngaphandle kombiko omukelwe uSomlomo noma uSihlalo njengophuthumayo, kufanele unikezelwe kumakhansela ngokoMthetho 8.
- (2) USomlomo noma uSihlalo kufanele avumele inkulumompikiswano

ngokuhambisana nesahluko 10 kunoma yimuphi umbiko o lethwe emkhandlwini noma ekomidini, emhlanganweni lapho lombiko ufakwe futhi uma inkulumompikiswano ingapheli, noma engenzeki ngenxa yanoma yisiphi izizathu, inkulumompikiswano kumele ibanjwe, emhlanganweni olandelayo.

23. Izicelo

- (1) Asikho isihloko esizo lethwa ikhansela ngaphambi koMkhandlu noma ikomidi ngaphandle kwesicelo
- (2) Isaziso sesicelo kufanele:
 - (a) sibe ngesibhalwe phansi;
 - (b) sisayinwe ikhansela elisilethile futhi sisayinwe elinye ikhansela elivumelana nalo; futhi
 - (c) sikhulume ngento eyodwa kuphela.
- (3) Isaziso ngesicelo kufanele sifakwe kwiMenenja kaMasipala ngaphambi kwehora le 12h00; kusasele izinsuku eziyisikhombisa kube nomhlangano uma kungabanga njalo isaziso siyothulwa komunye umhlangano.
- (4) IMenenja kaMasipala kumele:
 - (a) ifake usuku nenombolo yesaziso sesicelo;
 - (b) ifake isaziso sesicelo kwirejista ezovuleleka ekutheni icwaningwe yinoma yiliphi ikhansela noma umphakathi;
 - (c) ifake saziso sesicelo ngasinye ohlelweni ngendlela ezifike ngayo.
- (5) USomlomo noma uSihlalo kufanele:
 - (a) afunde inombolo yanoma isiphi isicelo negama lomfaki waso nomsekelo waso;
 - (b) abheke ukuthi iziphi izicelo ezingaphikiswanga bese ezivumela ngaphandle kwenkulumompikiswano.
 - (c) abize labo bafaki bezicelo eziphikisiwe ngokohlelo abavela ngalo ohlelweni lomhlangano.
- (6) Ikhansela elidlulisa isicelo lingaphakamisa leso sicelo futhi linelungelo lokuthola impendulo.
- (7) Isicelo siyoqedwa uma ikhansela elisifakile noma osivumele kade engekho emhlanganweni ozoba nenkulumompikiswano.
- (8) Ikhansela akufanele livunyelwe ukuletha izaziso zezicelo ezintathu ohlelweni olulodwa.
- (9) USomlomo noma uSihlalo akufanele anqabe isicelo asitholile ngokwale Mithetho.

24. Imibuzo

- (1) Ikhansela lingabuza umbuzo odinga impendulo ebhalwe phansi kunoma ubani kungaba uSopolitiki noma isiSebenzi semahhovisi likaMasipala, mayelana nanoma ngani ehlanganise ukuthi yini engenza ngcono ukusebenza kwezinto

zikaMasipala nokusebenza kwamandla kaMasipala, kuncike ekutheni isaziso esibhalwe phansi sombuza sazisiwe uSomlomo noma uSihlalo noma iMenenja kaMasipala ezinsukwini eziyisikhombisa ngaphambi komhlangano woMkhandlu noma wekomidi futhi iMenenja kaMasipala kumele iqinisekise ukuthi ikhansela lithola impendulo ebhalwe phansi iphuma kosopolitiki noma osebenzela uMasipala emhlanganweni woMkhandlu noma wekomidi.

- (2) Uma emva kokuba umbuzo usuphenduliwe, ikhansela libona ukuthi impendulo ayicacile futhi ijjekile, ngemvume kaSomlomo noma uSihlalo angacela ukuthi alandelise ngomunye umbuzo.

25. Ukunikeza ikhansela ulwazi

- (1) Alikho ikhansela okufanele libuze noma lixoxisane nanoma yimuphi umsebenzi wasehhovisini lokuphatha likaMasipala mayelana nezindaba zikaMasipala ngaphandle uma libuza njengelungu lomphakathi elinelungelo lokwazi.
- (2) Ikhansela lingabuza noma lixhumane neMenenja kaMasipala nanoma yiyiphi inhloko yomnyango noma umsebenzi wezokuphathwa kukaMasipala obekwe iMenenja ukuthi enze lowo msebenzi noma yinhloko yomnyango ethintekayo ngenxa yalokhu, ukuze likwazi ukuthola lolo lwazi uma ludingeka ekwenzeni umsebenzi kahle njengekhansela.

26. Izindaba ezejwayelekile eziphuthumayo

- (1) Izindaba ezejwayelekile eziphuthumayo kufanele zingabekwa ohlelweni lomhlangano yiMenenja kaMasipala noma elinye ilungu loMkhandlu ngemvume kaSomlomo noma uSihlalo, leyo mvume akumele inqatshelwe ngaphandle kwesizathu.
- (2) Ngaphambi kokuthi kwamukelwe, ikhansela kufanele linikwe isikhathi esanele ukuthi libheke futhi lamukele yonke imibiko elethiwe kuMkhandlu.

27. Ukutolika

- (1) Uma amakhansela amaningi akhona efinyelela esivumelwaneni, utolika angasetshenziswa emhlanganweni woMkhandlu kanye nowamakomidi oMkhandlu.

28. Ezesifuba sekomiti

- (1) NgokoMthetho 5, uMkhandlu noma ikomidi loMkhandlu noma nini lingavumelana ngokuqhuba udaba lumbe ngesifuba sekomiti.
- (2) Umphakathi awuvumelekile kwimihlangano yesifuba sekomiti.
- (3) IMenenja kaMasipala noma ubani oshiywe ngaphandle kulo Mthetho nguSomlomo noma uSihlalo akufanele bashiywe ngaphandle kule mihlangano yesifuba sekomiti.
- (4) Konke okuqhubekayo kwimihlangano yesifuba sekomiti kufanele ngokoMthetho 18(1) no 18(2) kuqoshwe futhi kube yimfihlo.

- (5) Ukuputshuka kwale mfihlo ngokungekho emthethweni kufanele kuqondiswe ngokoMthetho wenqubo mgomo yeNdlela yokuziPhatha

ISAHLUKO 8 UKUVOTA

29. Izinqumo ngokuvota

- (1) Kufanele kube nabantu abalingene ukuze bakwazi ukuvota.
- (2) Yonke imibuzo mayelana nalokhu okulandelayo kumele inqunywe yisinqumo esithathwe wuMkhandlu ngokuthola amavoti amaningi kumakhansela abhekele nesaziso sokusungulwa kukaMasipala:
 - (a) ukuvunywa kweMithetho kaMasipala;
 - (b) ukuvunywa kwesabelo-mali;
 - (c) ukubekwa kwamareyithi nezinye izintela, izinhlawulo kanye nemisebenzi eyenziwa uMasipala;
 - (d) ukunyuswa kwemalimboleko;
 - (e) ukubuyiswa kwesinqumo soMkhandlu zingakapheli izinyanga eziyi-6; kanye
 - (f) nanoma yini okufanele yenziwe ebekwe nguMthetho welizwe.
- (3) Yonke eminye imibuzo elethwe kuMkhandlu inqunywe ngokweningi lamavoti enziwe amakhansela akhona.
- (4) Uma kwenzeka amavoti elingana; uSomlomo noma uSihlalo angafaka ivoti elizothatha isinqumo avote njengekhansela, kuncika ekutheni uSomlomo noma uSihlalo akumele afake ivoti elizoba isinqumo okhethweni lomuntu ozosebenza ehhovisi loMkhandlu.

30. Indlela yokuvota

- (1) Kufanele kuvotwe ngokuthi kuphakanyiswe izandla ngaphandle uma uMthetho usho okunye, noma uMkhandlu noma ikomiti ngokuvumelana neningi lamakhansela ungaxazulula ngokuthi uvumelane ngokufaka ivoti elibhaliwe eliyimfihlo.
- (2) Ngesikhathi sokuvota alikho ikhansela elivunyelwe ukuphuma lapho kuvotwa khona.
- (3) IMenenja kaMasipala noma okhethwe yiyo kufanele abale amavoti angenile bese eqopha imiphumela kodwa uSomlomo noma uSihlalo kuphela ozomemezela imiphumela.

31. Amavoti aphikisayo

Ikhansela lingafaka isicelo sokuthi ivoti lalo liqoshwe njengobufakazi bokuthi livote kanjani.

**ISAHLUKO 9
UKUCHITHWA KOMKHANDLU NEZINQUMO ZEKOMITI**

32. Ukuchithwa kweziNqumo zoMkhandlu

- (1) Imvume yokuvuselela noma ukushintsha isinqumo soMkhandlu ayinikezwa nanoma ubani futhi nanoma iliphi ikomidi.
- (2) Isaziso ngenhloso yokuhambisa isicelo sokuchitha noma sokushintsha isinqumo soMkhandlu kufanele sinikezwe
- (3) Noma yikuphi ukuchithwa noma ukushintshwa kwesinqumo soMkhandlu kufanele kwenziwe ngokoMthetho 29(2)(e).

33. Ukuchithwa kweziNqumo zeKomidi

- (1) Imvume yokuchitha noma ukushintsha isinqumo sekomidi loMkhandlu akufanele irikezelwe kumuntu.
- (2) Isaziso ngenhloso yokuhambisa isicelo sokuchitha noma sokushintsha isinqumo sekomidi loMkhandlu kufanele sinikezwe.
- (3) Ukuchithwa noma ukushintshwa kwesinqumo sekomiti loMkhandlu kufanele sivunyelwe iningi lamalungu alelo komidi.

**ISAHLUKO 10
INKULUMO MPIKISWANO**

34. Ithuba lokukhuluma

- (1) Ikhansela lingakhuluma kuphela uma kusho uSomlomo noma uSihlalo.
- (2) Ikhansela lingakhombisa ukuthi lifuna ukukhuluma ngokuthi liphakamise isandla bese lilinda ukuyalelwa nguSomlomo noma nguSihlalo; lelo thuba akumele lingatshelwe.
- (3) Amakhansela nezikhulu kufanele asukume uma ekhuluma futhi inkulumo iqondiswe kuSomlomo noma uSihlalo.

35. Ukuqondana

Zonke izikhulumi kufanele zikhulume ngalokho okusuke kukhulunywa ngakho.

36. Ubude benkulumo

Ngaphandle kokwethulwa kombiko weMeya, noma ukuvezwa kokungena nokusebenza kwezimali, ayikho inkulumo okufanele idlule amaminithi amahlanu ngobude, kungenzeka kuphela uma imvume ikhishwe uSomlomo noma uSihlalo.

37. Amakhansela akhuluma kanye kuphela

Ikhansela alinakukhuluma kudlule kokukodwa kunoma yisiphi isicelo ngaphandle uma imvume ikhishwe uSomlomo noma uSihlalo kuncika ekutheni ohambisa isicelo angakhuluma kuleso sicelo, kunelungelo lokuphendula futhi impendulo kumele ihambisane nokuphendula izikhulumi ebezibuza futhi ingafaki lutho olusha kuleyo nkulumompikiswano.

38. Ukulawula kukaSomlomo noma uSihlalo

Lapho uSomlomo noma uSihlalo esukuma ngesikhathi senkulumompikiswano, noma yiliphi ikhansela elikhulumayo noma elizama ukukhuluma kufanele lihlale phansi lithule khona uSomlomo noma uSihlalo ezozwakala ngaphandle kokuphazanyiswa.

39. Ukubuyisela endleleni

- (1) Noma yiliphi ikhansela lingabuyisela endleleni umhlangano osunhlanhlatha ngokuthi lisukume khona lizodonsa amehlo kaSomlomo noma uSihlalo.
- (2) Ukubuyisela endleleni kubaluleke kakhulu emhlanganweni futhi uSomlomo noma uSihlalo kufanele avumele ngokushesha ikhansela eliza nombono wokubuyiselwa endleleni futhi anqume ngokufanele.
- (3) Isinqumo sikaSomlomo noma uSihlalo sokubuyisela endleleni singujuqu futhi asivulelwe ukudingidwa.

40. Incazelo

Noma yiliphi ikhansela lingachaza, kuncika ekutheni leyo ncazelo iwusizo enkulumweni ebingazwakalanga kahle.

**ISAHLUKO 11
UKUZIPHATHA**

41. Ukuziphatha okujwayelekile

- (1) Amakhansela nezikhulu kufanele kunoma yimuphi umhlangano woMkhandlu noma wekomidi:
 - (a) baphathe udaba ngendlela esezingeni eliphezulu nenesithunzi futhi enokuthembeka okudingekayo;
 - (b) kumele, ngazikhathi zonke balandele imigomo ebekiwe kwiNqubo yokuZiphatha nakuleMithetho neMigomo;
 - (c) ngaso sonke isikhathi balandele ukusebenza koMthetho neMithetho kaMasipala;
 - (d) bagqoke ngendlela efanele ukuhlonipha umhlangano;
 - (e) bangasebenzisi ulimi oluqosheme noma olungamukelekile; futhi
 - (f) bangasebenzisi amaselula noma baphathe izibhamu noma ezinye izikhali eziyingozi emhlanganweni woMkhandlu noma elinye lamakomidi awo.

42. Ukungaziphathi kahle

- (1) USomlomo angatshela ikhansela ukuthi alihoxise noma lixolise uma kukhona elikushilo noma elikwenzile okuyindelelo.
- (2) Uma ikhansela noma amakhansela engaziphathi ngendlela emhlanganweni woMkhandlu noma wanoma yiliphi ikomidi lawo, uSomlomo angasho ekhanseleni noma emakhanseleni ukuthi abaziphathe ngendlela noma bahlale phansi futhi, uma bekhuluma, bayeke ukukhuluma.
- (3) Esimweni sokugoloza noma ukunganaki iziqondiso zikaSomlomo, uSomlomo angatshela lelo khansela noma lawo makhansela ukuthi awushiye umhlangano noma ahoxe emhlanganweni kuze kube lolo daba oludingidwayo luyaphothulwa.
- (4) Esimweni lapho ukuziphatha kabi kwekhansela noma amakhansela kulimaza ukuqhubeka koMkhandlu noma ikomidi uSomlomo noma uSihlalo kufanele ahlelise umhlangano kuthi lokho kuziphatha budlabha kwekhansela noma amakhansela kubhekwane nakho ngokweMithetho nemigomo emile yeNqubo yokuziphatha.
- (5) Ikhansela elinqabayo ukuphuma emhlanganweni woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu uma litshelwa uSomlomo noma uSihlalo womhlangano, ngokwanoma yimuphi uMithetho kule Mithetho nemigomo, liyobe selikhishwa ngendluzula bese lithweswa icala elingalikhokhisa inhlawulo yemali noma ukuboshwa uma lilahlwa icala, lingaboshwa isikhathi esingevile enyangeni noma yikona kokubili.

**ISAHLUKO 12
AMAKOMITI**

43. IKomidi leMithetho

- (1) UMkhandlu kaMasipala ngesinqumo seningi lamakhansela ungasungula ikomidi elikhethekile elaziwa ngeKomidi leMithetho elizophenya ngabaphula iMithetho yeNqubo yokuziPhatha, kubandakanya unswinyo ngokuphutha emhlanganweni futhi beze izincomo mayelana nanoma iyiphi into emayelana neMithetho nemoGomo.
- (2) IKomidi leMithetho kufanele libe noSomlomo, usodolobha, neLungu ngalinye elimele iqembu ngalinye lezepolitiki emkhandlwini; labo abamele ezepolitiki bayokhethwa amaqembu abo ngezikhathi ezithile.

44. IMithetho yekomidi qobo

- (1) Noma yiliphi ikomidi loMkhandlu kufanele lizibekela izinqubo zalo kodwa ngokuqondiswa uMkhandlu kanye nale Mithetho nemigomo.
- (2) Isahluko 10 sale Mithetho nemigomo singathanjiswa uSihlalo wekomidi ukuze sifake ukuzibandakanya okufanele nokunemiphumela, kuncika ekutheni

uSihlalongo kubona kwakhe, angasebenzisa noma imuphi uMthetho kulena equkethwe kwisahluko 10.

45. USihlalo

- (1) USihlalo wekomidi kufanele –
 - (a) abenguSihlalo kuyo yonke imihlangano yekomiti uma ekhona; futhi
 - (b) abe nelungelo lokuvota kusaqalwa futhi uma amavoti elingana ekwengezeni ivoti lakhe elingujuqu, anganika ivoti lesibili noma ivoti elithatha isinqumo.
- (2) Uma engekho, obambile noma isekela likaSihlalo lizoba namandla namalungelo okuvota afanayo nakaSihlalo.

IS AHLUKO 13 OKUTHINTA EZEZIMALI

46. Ukuphumela obala ngokuthinta imali

- (1) Ikhansela kumele liveze emkhandlwini kaMasipala, noma kunoma yiliphi ikomiti eliyilungu lalo, uma kukhona ibhizinisi elinalo lelo khansela, owakwalo, umlingani noma elisebenzisana naye ebhizinisini lelo khansela elinalo phambi koMkhandlu noma kwekomidi.
- (2) Ikhansela eliphumela obala kumele lihoxe kokuqhubekayo emkhandlwini noma ekomidini ngaphandle uma uMkhandlu ubone ukuthi ukuthinteka kwalo kulelo bhizinisi akushayisani nemisebenzi yawo.
- (3) Ikhansela noma owakwalo, umlingani walo, umlingani noma elisebenzisana naye ebhizinisini noma ilungu lomndeni walo ethola noma engase athole umhlomulo ngenkontileka noMasipala, kumele liveze imininingwane ephelele yokuhlomula ikhansela elikwaziyo emhlanganweni wokuqala woMkhandlu lapho kungakwazi ukuthi ikhansela likuveze.
- (4) Ukuvezwa kokubandakanyeka ngokoMthetho 46 (1) nemihlomulo ngokoMthetho 46 (3) akusebenzi ekuhlomuleni ikhansela owakwalo, umlingani walo, umlingani noma elisebenzisana naye ebhizinisini noma ilungu elisondelene lomndeni, elisokuthola ngokufanayo nezinye izakhamizi zomphakathi.

ISAHLUKO 14 UKWEPHULA UMTHETHO NESIGWEBO

47. Ukwephula umthetho

Noma yiliphi ikhansela elihluleka noma elenqaba ukuhlonipha noma yimiphi iMithetho nemigomo, nanoma yisiphi esinye isinqumo esithathwe yisigungu engazithola enecala lokwephula iNqubo yokuziPhatha.

48. Isigwebo

Lapho kusolakala ukuthi ikhansela lephule le Mithetho, uMkhandlu kumele, ngokohlamvu 14 lweNqubo yokuziphatha, uphenye ngenzinsolo zokwephula uMithetho okungalandelwa wunswinyo.

ISAHLUKO 15 IZINHLINZEKO EZEJWAYELEKLE

49. Ukumiswa koMthetho nomgomo

- (1) Ezimweni eziphuthumayo lapho isigungu sibona ukuthi ukulandela uMthetho kubonakala kungenasidingo futhi kungenabulungiswa ekuqhubekeni komhlangano woMkhandlu, ngalokho uMkhandlu ngentando yeningi lamakhansela kaMasipala nangesikhathi salowo mhlango, ungathambisa okwesikhashana izinhlinzeko zoMthetho, kuncika ekutheni:
 - (a) Lokho kuthanjiswa akumele kushayisane nanoma yimuphi uMthetho wesifundazwe noma kazwelonke noma nanoma yimuphi uMthetho kaMasipala;
 - (b) Ukumiswa noma ukuthanjiswa koMthetho kuhambisana nezihloko ezisohlelweni lomhlangano woMkhandlu noma wekomidi loMkhandlu; futhi
 - (c) UMthetho 22 akumele umiswe;
 - (d) Izizathu zokumiswa koMthetho ziyaqoshwa emaminithini omhlangano.

50. Ukwamukelwa kweMithetho

- 1) LeMithetho nemigomo kumele yemukelwe njengeMithetho kaMasipala.

51. Ukuqedwa kweMithetho ekhona

IMithetho ekhona yoMkhandlu mayelana nale Mithetho nemigomo ngalokhu iyaqedwa.

52. Isihloko esifishane nokuqaliswa

Le Mithetho neMigomo emile iyobizwa ngeMithetho eMile neMigomo kaMasipala waseMandeni, 2010 futhi iyoqala ukusebenza ngo October 2010.